

# Brambles

**INqubomgomu Yokudalula Okuqhubekeyo Nokuxhumana**

**Brambles Limited**

Yethulwe: 1 kuMasingana 2020

Uhlelo 2.0

## **INQUBOMGOMO YOKUDALULA NOKUQHUBEKA NOKUXHUMANA**

### **1. Isingeniso Nesendlalelo**

Abakwa-Brambles bazinikele ekugqugquzeleni ukwethenjwa ngabatshalizimali ngokuthatha izinyathelo ngaphakathi emandleni abo ukuzinisekisa ukuthi ukuhwebelana ezivikelweni zabo kuyenzeka ngendlela ephumelelalo nezimakethe ezinolwazi.

Abakwa-Brambles bayakubona ukubaluleka kokuxhumana okuphumelelalo njengengxene esemqoka yokwakha ubugugu babanikazimasheya kanye nokuthi, ukuchuma nokufinyelela ukukhula, kufanele (phakathi kwezinye izinto) bathole ukwethenjwa yilabo abaphethe izivikelo, abasebenzi, amakhasimende, abahlinzeki nemiphakathi, ngovuleleka ekuxhumaneni kwabo nokuhlala njalo begcwalisa izibopho zabo.

### **2. Isitativende Senhlosa**

Inhlosa Yale Nqubomgomo yilokhu:

- (a) ukuvuselela isibopho sabakwa-brambles kuzo zibopho zabo zokudalula okuqhubekayo kanye nokuchaza izinqubo eziqalisive ukusetshenziswa yibo nokuqinisekisa ukulandelwa kwemithetho ngalezo zibopho;
- (b) ukucacisa amazinga okubusa ngobambisano kwabakwa-Brambles kanye nezinqubo ezhlobene kanjalo nokuqinisekisa ulwazi olunembile ngesikhathi esifanele mayelana nabakwa-Brambles kuyahlinzekwa ngokulinganayo kubo bonke abanikazimasheya nababambiqhaza ezimakethe; kanye
- (c) nokucacisa isibopho sabakwa-Brambles sokukhuthaza ukuzibandakanya ngempumelelo kwabanikazimasheya emihlanganweni yabanikazimasheya.

### **3. Ukudalula Okuqhubekayo**

Abakwa-Brambles babhalwe ku-Australian Securities Exchange (ASX) futhi benasibopho sokulandela imithetho yezibopho zokudalula okuqhubekayo okuqukethwe emithethweni ye-ASX listing (Listing Rules) kanye ne-Corporations Act 2001. Abakwa-Brambles sebethuthukise izinqubo nezinhlelo, ezibalulwe ngokucacile kule Nqubomgomo, ukuqinisekisa ukuthi balandela zonke izibopho zokudalula okuqhubekayo okufanele.

Phezu kwalokho, abakwa-Brambles babeka ukubaluleka okukhulu ekuxhumaneni ngempumelelo nababambiqhaza babo. Le Nqubomgomo iqukethe amazinga okubusa ngobambisano okufanayo okwamukelwe abakwa-Brambles mayelana nokuxhumana nababambiqhaza babo.

#### **3.1 Ukuzibophezela Ekudaluleni Okuqhubekayo**

Abakwa-Brambles bazokwazisa ngokushesha izimakethe nganoma yiluphi ulwazi noma nanoma yikuphi okwenzekile okukhulu okuhlobene namabhizinisi noma izimo zezezimali zakwa-Brambles lapho umuntu ofanelekile engalindela umphumela obambekayo ngenani noma ubugugu bezivikelo zabo.

Izibonelo zohlobo lolwazi olungase ludingeke ukudalula ezimakethe lubandakanya, kodwa alukhawulelekile kulokhu:

- (a) ushintsho olukhulu esimweni sezimali sakwa-Brambles esenzekile noma esilindelekile;
- (b) ukuzuzwa noma ukulahlekelwa okukhulu kwezimpahla;
- (c) umklomelo omkhulu wenkontileka entsha enkamanini yeqembu le-Brambles;
- (d) isehlakalo esikhulu asithinta noma esihlobene nokusebenza kwenkampani yeqembu lakwa-

- Brambles, kubandakanya izinguquko emisebenzini, izinguquko kubaphathi abaphezulu noma izinhlekelele zemvelo;
- (e) ukuqaliswa noma ukuphethwa kwecala elikhulu;
  - (f) isehlakalo noma ithransekshini enamandla okuba nomthelela olinganayo noma ongaphezu kwama-10% enani Lezivikelo zempahla yakwa-Brambles; kanye
  - (g) uma abakwa-Brambles beshicilela imiyalelo yenzuzo, kunokwahluka okulindelekile enzuzweni yakwa-Brambles kunalokho kwemiyalelo eshicilelwwe elinganayo noma emikhulu kunama-10%.

Ngokuhlobene nezindima (f) no-(g) ngenhla, lapho kunesehlakalo noma ithransekshini umehluko olindelekile (njengokufanele) kulingana noma kungaphansi ngama-5%, khona-ke kuzothathwa njengokungenamandla atheni. Ukudlula lapho, lapho kunesehlakalo noma ithransekshini noma umehluko olindelekile (njengokufanele) ungena phakathi kuka-5% no-10%, bakwa-Brambles bazokwakha isahlulelo sokuthi ingabe udaba lolo lunomehluko kanye, ngokufanele, ludinga ukudalulwa.

Lokhu kuzokwazisa izimakethe ngesaziso esizobhekiswa ku-ASX.

Kwezinye izimo, i-Listing Rules ivumela abakwa-Brambles ukuba bangadaluli ulwazi oluthile.

IBhodi seysisungule Ikomidi Lokudalula elinomsebenzi wokubukeza ulwazi oluphathekayo nokunquma ukuthi yiluphi ulwazi okumele ludalulwe ukuze kuqinisekiswe ukuthi abakwa-Brambles bayahambisana nezibopho zabo zokudalula.

### **3.2 Ikomidi Lokudalula**

IKomidi Lokudalula lingamela ukuthobela kwabakwa-Brambles le Nqubomgomu. Ikomidi linesibopho sokuqalisa ukusebenza kwezinqubo zokubika nokulawula kanye nokunquma imihlahlandlela yokukhishwa kolwazi.

Amalungu eKomidi Lokudaula yilaba bakwa-Brambles:

- (a) Isikhulu Esiphezulu EsiyiNhloko;
- (b) Isikhulu EsiyiNhloko YezeziMali;
- (c) UNobhala Weqembu lenkampani;
- kanye
- (e) NoSihlalo, noma uma engatholakali, uSihlalo WeKomidi Locwaningomabhuku, noma uma engatholakali, noma ubani Ongesiye Umgondisi Ophezulu.

### **3.3 Umsebenzi Wokuhlonza Ulwazi Oluzodalulwa**

Abakwa-Brambles basebenza emhlabeni jikelele. Ukuze kubanjwe ulwazi olungase kudaluleke, iKomidi Lokudalula linesibopho sokuqinisekisa ukuthi Isikhulu Sokudalula siyaqokwa:

- (a) "kuYunithi Yokusebenza ngayinye";
- (b) imisebenzi YezeMali;
- (c) Imisebenzi Yabezomthetho kanye Nonobhala;
- (d) AbakwaNdabazabantu; kanye
- (e) Ubungcuphe beQembu.

Ngenxa yezizathu zale Nqubomgomu, amaYunithi eBhizinisi Pallets, BXB Digital, Kegstar namanye amayunithi ebhizinisi akwa-Brambles njengoba iThimba Lobuholi Obuphezulu bakwa-Brambles linquma, ekuhambeni kwasikhathi.

Izikhulu Zokudalula zinesibopho sokuhlinzeka iKomidi Ngokudalula ngolwazi olubambekayo mayelana

nemisebenzi yamaYunithi abo eBhizinisi noma indawo noma isibopho sokusebenza, ngokushesha lapho nje bethola.

### **3.4 Ukuxhumana ne-ASX**

UNobhala Wenkampani umsebenzi wakhe ukuxhumana ne-ASX.

## **4. Amazinga Asemqoka Okubusa Ngokubambisana Kwezokuxhumana**

### **4.1 Okujwayelekile**

Abakwa-Brambles bamukele uhlaka lokubusa ngokubambisana oluklanyelwe ukuqinisekisa ukuthi:

- (a) ulwazi olufika ngesikhathi nolunembile mayelana nabakwa-Brambles luhlinzeka ngokulinganayo kubo bonke abanikazimasheya babazibandaknaya ezimakethe kubandakanya isimo sakhona sezimali, ukusebenza, ubunikazi, amaceno, imisebenzi nokubusa;
- (b) izinqubo zokusbalaliswa kolwazi ziyemukelwa ezilungile, ezifika ngesikhathi sakhona nezongayo kwezemali;
- (c) izinyathelo ziayathathwa ukuze kuthuthukiswe ukufinyeleleka kolwazi kubanikazimasheya angakwazi ukuzifikela mathupna emihlanganweni; kanye
- (d) ayikhulumi ngentengo ephathekayo, noma inani, ulwazi olubucayi kunoma iyiphi ingxene eseceleni ngaphambi kokuba ludalulwe kubo bonke abanikazimasheya nababambiqhaza ezimakethe ngokuhambisana nezibopho zakhona zokudalula okuqhubekeyo. Imibandela ethile ekhawulekile ingasebenza kulo mhlinzekelo ngaphansi kwezibopho zokudalula okuqhubekeyo.

Izinqubo eziqondile zemukelwa abakwa-Brambles ukuze kuqualiswe ukusebenza kwalawa mazinga okubusa ngokubambisana asethwe ngezansi.

### **4.2 Ukkhuluma ngolwazi oludalulekayo kusizindalwazi**

Lonke ulwazi olubalulekile olukhishelwe abakwa-ASX luzophostwa kusizindalwazi sakwa-Brambles ngokushesha lapho sekulungil kulandela isiqinisekiso sokufika kwalo ngabe-ASX.

Ikheli lesizindalwazi sakwa-Brambles lithi: [www.brambles.com](http://www.brambles.com)

### **4.3. Ukuxhumana Ngamakhompyutha Nemihlangano Yabanikazimasheya**

Abakwa-Brambles bazohlinzeka bonke abanikazimasheya ngendlela yokuthola isaziso esi-elektronikh lapho kunomyalezo womnikazimasheya owenziwayo kanjalo nokuwahlinzeka ngendlela yokuthumela umyalezo kwabakwa-Brambles noma irejistri yakhona yokwabelana. Abakwa-Brambles bazophinda bahlinzeke abatshalizimali ngosizo kusizindalwazi sabo esizosiza abatshalizimali bathole izaziso lapho abe-ASX benze izimemezelo nezinye izindaba ezethulelwe abezindaba.

Abakwa-Brambles bazosebenzia imihlangano yonyaka ejwayelekile ukuxhumana nabanikazimasheya mayelana nesimo sezesimali, ukusebenza, ubunikazi, amaceno nemisebenzi, kanye nakuyo yonke imihlangano ejwayelekile kuzonikezwa ithuba elanele lokubandakanya kwabanikazimasheya lokwaziswa. Abakwa-Brambles bazosakaza nge-webcast yonke imihlangano yabanikazimasheya futhi bazohlinzeka abanikazimasheya ngendlela yokufaka amavoti ngqo noma ukuqoka amaphroksi nge-inthenathi besebenzia irejistri yokwabelana.

Naphandle kwemihlangano yabanikazimasheya, uNobhala weNkampani uyena ozobhekana nemibuzzo eseceleni yabanikazimasheya.

#### 4.4 Abakhulumeli Abagunyaziwe

Imininingwane yabasebenzi bakwa-Brambles abagunyaziwe ukwenza izitatinende emphakathini egameni, noma ngokuthunywa, abakwa-Brambles mayelana nanoma yimaphi amayunithi ebhizinisi abekwe lapha ngezansi. Abekho abanye abantu abagunyazwe ukwenza izitatinende ezinjengalezo. Izitatinende zomphakathi zibandakanya ukuxhumana ngezinkundla zezokuxhumana noma ezobuchwepheshe bokuxhumana ezingosini zokuxhumana lapho isihloko senkulumo sihlobene nabakwa-Brambles. Lokhu kuxhumana kubandakanya, kodwa akukhawulekile ezingxoxweni zozakwenu nokuxoxisana kuma-chat room, amabhodi emiyalezo, amabhulogi, ama-wiki, ama-webcast nama-podcast.

(a) Abezindaba Nokushicilela:

(i) Mayelana nezindaba zezamabhzinisi, ukuphela kwabantu abagunyaziwe ngabakwa-Brambles:

- USihlalo;
- Isikhulu Esiphezulu EsiyiNhloko;
- Isikhulu EsiyiNhloko YezeziMali; kanye
- IPhini LikaMongameli weQembu, Ezobudlelwane Botshalomali Nezindaba Zebhizinisi.

Phezu kwalokho:

- noma yimuphi umeluleki wevezindaba wangaphandle okhethwe futhi wagunyazwa yinoma yibaphi abantu abangenhla kanye; kanye
- nanoma yimuphi umuntu ogunyazwe iSikhulu Esiphezulu EsiyiNhloko sakwa-Brambles noma IsiKhulu EsiyiNhloko seziMali.

(ii) OMongameli beQembu nomongameli besizinda samaYunithi eQembu abagunyazwe ukuphendula imibuzo yabezindaba mayelana nezindaba zokusebenza endaweni okungenamthelela omkhulu kwabakwa-Brambles (ingabe ngokohlangothi lwebhizinisi, ezezimali, izimakathe, ukuhlonipheka kwegama nanoma yiluphi olunye uhlangothi). Akukho lwazi olungadingidwa ukuphendula imibuzo yemibuzo enjalo ehlobene nanoma yiluphi udaba olulandelayo mayelana nabakwa-Brambles nanoma yimaphi amanye amaYunithi eBhizinisi:

- indlela yokusebenza ngakwezimali noma amanye amathemba;
- amacebo ebhizinisi nom ezezimali, kubandakanya ukuzuzwa okungase kwenzeke;
- abancintisanayo, kubandakanya indawo enokuncintisana;
- ukwenza kwasebhizinisini;
- izicelo, izinyathelo zezomthetho noma amacala;
- izindaba zokubalwa kwezimali noma ukubika ngezezimali;
- ukubusa ngokubambiswano noma izindaba zenqubomgommo; noma
- inqubomgommo kaHulumeni noma ukuhlelwa kabusha komthetho.

Noma yikuphi ukubhekisela, noma ukudingidwa mayelana, abakwa-Brambles, kanye nanoma yisiphi isitatimende ngenye indlela esingaba ukwaphulwa kwemibandela engenhla, kufanele sicaciswe ngaphambilini nesiKhulu esiyiNhloko sakwa-Brambles, Isikhulu EsiyiNhloko Yezezimali noma iPhini likaMongameli weQembu, Ubudlelane Bezonshalozimali Nezindaba Zebhizinisi. Noma yisiphi isishicilelo (kubandakanya, ngaphandle kwemikhaaulo, ukwenza ulwazi lufinyeleleke nge-inthanethi) sithathwa ngezininhoso zale nqubomgommo njengokuxhumana nabezindaba futhi kuncike emibandeleni engenhla mayelana nokuqukethwe nezimfuno zokugunyaza ezingaphambili.

(iii) Ukuzibandakanya ezinkulumongxoxiswaneni zomsakazo noma zikamabonakude zingase zibandakanye ukusakazwa kwezindaba zebhizinisi lakwa-Brambles nanoma yiluphi udaba olungase mhlawumbe lube nomthelela omkhulu kwabakwa-Brambles (ingabe ohlangothini

Iwebhizinisi, ezezimali, ezimakethe, egameni labo nanoma yiluphi olunye uhlangothi), kubandakanya izindaba okubhekiswe kuzo ngqo lapha (ii) ngenhla, kufanele zicaciswe ngaphambilini nesiKhulu esiyiNhloko sakwa-Brambles, Isikhulu EsiyNhloko Yezezimali noma iPhini likaMongameli weQembu, Ubudlelane Bezotshalozimali Nezindaba Zebhizinisi.

(b) Ubudlelwane Nabezotshalomali:

Ukuphela kwabantu abavunyelwe ngabakwa-Brambles:

- USihlalo;
- Isikhulu Esiphezulu EsiyiNhloko;
- Isikhulu EsiyiNhloko YezeziMali;
- IPhini LikaMongameli weQembu, Ezobudlelwane Botshalomali Nezindaba Zebhizinisi; kanye
- nanoma yimuphi omunye umuntu ogunyazwe yiBhodi.

(a) Ukudalula Okuhlobene Nobumfihlo noma Izaziso:

Ukuphela kwabantu abagunyazwe ukwenza isaziso solwazi lokwaphulwa kwedatha yomuntu siqu noma olunye uhlolo lwesehlakalo sokuvikeleka kolwazi ukulawula noma iziphathimandla eziphathe ngabakwa-Brambles:

- USihlalo;
- Isikhulu Esiphezulu EsiyiNhloko;
- Isikhulu EsiyiNhloko YezeziMali;
- IPhini LikaMongameli weQembu, Ezobudlelwane Botshalomali Nezindaba Zebhizinisi; kanye
  - Nanoma yimuphi omunye umuntu ogunyazwe yilaba abangenhla.

Phezu kwalokho:

- Ama-CFO anoma yimaphi amaYunithi eBhizinisi athintwa ukwaphulwa kwedatha yomuntu siqu noma olunye uhlolo lwesehlakalo sokuvikeleka kolwazi.

Noma yiluphi uhlolo lwemidiya noma izitatinende eziyimfihlo noma zangaphandle noma-ke ukuxhumana kufanele kulandele izinqubo ezichazwe ngokucacile kundinyana 4.4(a).

#### **4.5 Amahemuhemu nezindaba ezakhwayo ezimakethe**

Ngokuncike kuzibopho ezikundinyana 3.1, abakwa-Brambles ngeke ngokuvamile baphawule kumahemuhemu azwakala ezimakethe.

#### **4.6 Izihibe Zokuhweba, ama-trading halt**

Ukuze izimakethe ziqbek ngokuhlelekile, ngokulungile nangendlela enolwazi, kungadingeka ngaphansi kwezimo ezihlukile kucelwe Izihibe Zokuhweba kwabe-ASX. IKomidi Lokudalula ngokubonisana nesiKhulu Esiyinhloko sakwa-Brambles bazokwenza zonke izinqubo malungana nanoma iyiphi i-trading halt. Lapho kunokwenzeka khona, uSihlalo naye kuzoboniswana naye malungana nanoma yimaphi ama-trading halt afana nalawa.

#### **4.7 Izinkathi Ezivinjelwe**

Ezhathini ezithile zonyaka, abakwa-Brambles basebenzisa "**Izinkathi Ezivinjelwe**", lapho abaqondisi, abasebenzi bokungamela abaqavile, abasebenzi abathile nabantu abaxhumene nabo ("**Abantu Abajutshiwe**," njengoba kuchaziwe kuyo iNqubomgomu i-Securities Trading Policy) abagunyaziwe

ukubhekana nezivikelo zokuhweba zakwa-Brambles. Inhoso yale nqubomgomo ukuqinisekisa ukuthi Abantu Abajutshiwe abaxhaphazi, futhi abazibeki ngaphansi kwezinsolo zokuxhaphaza, ulwazi lwamanani olubucayi ngokuvamile olungatholakali kodwa abanalo, abacatshangwa njengabanalo.

Inkathi Evinjelwe ichazwa:

- (a) njenganoma iyiphi Inkathi Evaliwe (inkathi kusukela ekupheleni kwenkathi yokubika ngezimali kuze kube isimemezelo sokuqala saphakathi nonyaka noma imiphumela yeminyaka yonke); noma
- (b) izinkathi ezengeziwe lapho Abantu Abajutshiwe bevinjelwe ukusebenza kuma-Brambles Securities, abekelwe abakwa-Brambles kusukela esikhathini lapho inani lizwela, ulwazi olungekho emphakathini luhkona nokuhlobene nodaba, yize noma Abantu Abajutshiwe bengeke bazi ngalo.

Inkathi yamaviki amabili ngaphambi kwanoma yikuphi ukwazisa ngokuhweba obeluhlelwé ngaphambilini kuzoba yiNkathi Evinjelwe.

#### **4.8 Izivimbelo Zezinkathi Ezivaliwe**

Ngezikathi Zezinkathi Ezivinjwele, abakwa-Brambles ngeke baphawule ngezilinganiselo zemiholo yabahlaziyi ngaphandle kokuvuma uhlelo Iwezilinganiselo ezivamile ezimakethe, futhi ngeke baphawule ngokusebenza kwezimali kwabakwa-Brambles ngaphandle uma ulwazi seluvele ludluliselwe ezimakethe. Abakwa-Brambles bazoqhubeka baphendule izicelo zolwazi oluyisendlalelo, kodwa ngeke bahlangane nabahlaziyi noma abatshalizimali ngesikhathi Senkathi Evaliwe.

Ngenkathi Yezinkathi Ezivaliwe, abakwa-Brambles bazoqhubeka nokuba yingxenyeye yezibopho yokudalula okuqhubekayo, futhi bazokwenza izimemezelo ezinjalo njengoba kudingeka ngaphansi kwendima 3.1.

#### **4.9 Ikhalenda yezezimali**

Abakwa-Brambles balandela ikhalenda yokudalula njalonjalo ezimakethe emiphumeleni yabo yezezimali neyokusebenza. Ikhalenda, ephostwayo kusizindalwazi, ibandakanya isaziso sangaphambilini sezinsuku zokuhishwa kwemiphumela yaphakathi nonyaka nasekupheleni konyaka, olunye ulwazi Iwezezimali, imihlangano yabanikazimasheya, ukwazisa okukhulu kwabahlaziyi nabatshalizimali nokubandakanya kwabakwa-Brambles ezinkomfeni ezinkulu zotshalomali. Lapho kunokwenzeka, abakwa-Brambles basakaza ngama-webcast le mihangano ebalulekile yokwazisa kweqembu futhi, lapho benza lokho, bazoqlinzeka ngesaziso kusengaphambilini semininingwane yokufinyelela kusetshenziswa isizindalwazi nesaziso se-ASX. Ama-webcast nawo abe eseephostwa kusizindalwazi se-Brambles.

Ikhalenda lezezimali lakwa-Brambles nama-webcast kungafinyelelwé kusizindalwazi lapha:

**www.brambles.com**

Kule mihangano:

- (a) akukho ulwazi lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 oluzodalulwa ngaphandle uma seluvele ludaluliwe ezimakethe ngaphambilini; kanye
- (b) uma ulwazi olubarulekile lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 lube selukhishwa, luzokhishelwa abakwa-ASX futhi luphostwe kusizindalwazi sakwa-Brambles ngokushesha.

#### **4.10 Ukuhlangana Kwabahlaziyi nabatshalizimali**

Abakwa-Brambles bayakwazisa ukubaruleka kobudlelwane babo nabatshalizimali kanye nabahlaziyi.

Ekuhambeni kwasikhathi, abakwa-Brambles baqhuba imihlangano nabahlaziyi nabatshalizimali. Kulezi zimo, amaphrothokholi alandelayo azokwenzeka:

- (a) akukho ulwazi lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 oluzodalulwa kule mihihangano ngaphandle uma seluvele ludaluliwe ezimakethe ngaphambilini noma luzodalulwa kanyakanye ezimakethe;
- (b) uma ulwazi olubarulekile lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 lube selukhishwa, luzokhishelwa ngokushesha ezimakethe kusetshenziswa i-ASX bese lufakwa kusizindalwazi sakwa-Brambles;
- (c) imibuzo emihlanganweni yokwazisa emayelana nolwazi lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 obelungakadalulwa ngaphambilini ngeke iphendulwe;
- (d) okungenani abameleli be-Brambles ababili bazohambela yonke imihlangano yokwazisa, oyedwa wabo ngokuvamile kuzoba yilungu loMnyango Wezobudlelwane Nabatshalizimali kanti irekhodi lalo mhlangano lizogcinelwa ukutshenziswa ngaphakathi. Leli rekodi lizobandakanya isifingqo sezindaba ezidingidiwe, irekhodi lalabo abakhona (amagama nezinombolo lapho kufanelekile) kanye nesikhathi nendawo yomhlangano;
- (e) abakwa-Brambles bazobeka ikhophi yanoma yiziphi izethulo ezenziwe kusizindalwazi sakwa-Brambles; kanye
- (f) isaziso sangaphambilini sezinsuku zemihlangano yeqembu labatshalizimali sizohlinzekwa kusizindalwazi sabo kanye nangesaziso se-ASX. Lapho kunokwenzeka khona, leyo mihihangano izosakazwa nge-webcast neminingwane yokufinyelela ehlinzekwe kusetshenziswa isizindalwazi sakwa-Brambles. Ama-webcast nawo azobe esephostwa kusizindalwazi se-Brambles.

#### **4.11 Imibiko nezilinganiselo zabahlaziyi**

Abakwa-Brambles bakhuthaza ukuhlaziya okumandla umphakathi wezotshalomali kanye nenqubomgomu yokufinyelela okubelesela kuzosetshenziswa, kungakhathalekile imibono nezincomo ezibekiwe.

Abakwa-Brambles bangabukeza imibiko yocwaningo lwabahlaziyi kodwa izokhawula ukuphawula kwayo kulokho okungamaqiniso angahlobene nabakwa-Brambles noma ulwazi oluke lwadalulwa ngabakwa-Brambles ngaphambilini.

Ulwazi lohlobo olubarulwe endimeni 3.1 ngeke luhihlinzekwe ngabakwa-Brambles ngaphandle uma sekuvele kudaluliwe ezimakethe.

Kuncike kuloku okungenhla, abakwa-Brambles bangaphawula ngezilinganiselo zamaholo abahlaziyi kufinyelele:

- (a) ekwaziseni uhleni lwezilinganiselo zamanje;
- (b) ukubuza ukuhlawumbisela komhlaziyi noma ukuzwela uma ukuhlawumbisela komhlaziyi kwehluke kakhulu nezilinganiselo ezisebenzayo njengamanje ezimakethe (okusho ukuthi, kuncike kulezo zinhli zokulinganisela kwasezimakethe abakwa-Brambles abaziyo ngako, futhi nanoma yiziphi izibalo ezibalwe ngaphandle ngokuvumelana); kanye
- (c) nokweluleka ngamaphuzu angamaphutha lapho idatha ivele seyisemphakathini.

#### **4.12 Abeluleki nabeluleki Abaqeqeshiwe**

Abakwa-Brambles bazodinga noma yibaphi abeluleki noma abeluleki abaqeqeshiwe abazimisele ukuthatha umsebenzi egameni labakwa-Brambles noma nanoma yiziphi izinhlaka ezingaphansi kwabo ukuba zihambe ngale Nqubomgomu.

#### **4.13 Ukuphambuka**

Ukwehluleka ukulandela le Nqubomgomo kungaholela ekuphambukeni emthethweni ofanele noma ama-Listing Rules noma ezinye izimiso, ikakhulukazi ngokuhlobene nokudalula okuqhubekayo. Kungaphinde kubandakanye ukwaphulwa kwesibopho somsebenzi sobumfihlo.

Lokhu kungaholela ekuthwalweni kwecala ngabakwa-Brambles bese ngenxa yalokho kuholele ezinhlawulweni ezizobhekana nabaqondisi nezikhulu. Ukwaphulwa kwale Nqubomgomo kungaholela ezinyathelweni zokuqondisa kwezigwegwe, kubandakanya nokuxoshwa ezimweni ezibucayi kakhulu.

#### **4.14 Ukubukeza**

IBhodi lizohlaziya le Nqubomgomo njalo ngonyaka ukuze kubonakale ukuthi ingabe le Nqubomgomo isebenza ngempumelelo ukuqinisekisa ukunemba nokudalulwa ngesikhathi ngokuhambisana nezibopho zokudalula zakwa-Brambles.

#### **4.15 Ulwazi Olwengeziwe**

Uma unanoma yimiphi imibuzo evela kuNqubomgomo Yokudalula Okuqhubekayo Nezokuxhumana, ungathinta omunye wabantu abasohlwini olungezansi:

- INhloko Yophiko Lwezomthetho kanye Nonobhala Weqembu lenkampani
- IPhini LikaMongameli weQembu, Ezobudlelwane Botshalomali Nezindaba Zebhizinisi

### **5. Izibopho Zempumelelo yale Nqubomgomo**

Ibhodi yakwa-Brambles inesibopho esiphelele ngale Nqubomgomo. INhloko Yophiko Lwezomthetho noNobhala WeQembu Lenkampani banesibopho sansukuzonke sokubhekelela le Nqubomgomo futhi kufanele iqinisekise ukuthi bonke abasebenzi bathola ukuqequeswa njalonjalo futhi okufanelekile.

Inhloko Yophiko LwezoMthetho noNobhala WeQembu Lenkampani, ngokusebenzisana neBhodi, izobukeza le nqubomgomo ngasohlangothini lwezomthetho kanye nokwenziwa komsebenzi okungenani kanye ngonyaka. Le Nqubomgomo ayiyona ingxene yenkontileka yabasebenzi, noma kungenjalo yensiwe, futhi ingachitshiyelwa ngokuhamba kwezikhathi. Abasebenzi bayamenya ukuba baphawule mayelana nale Nqubomgomo futhi baveze nezinye izindlela ezingasetshenziswa ukuze yensiwe ngcono. Amazwi okuphawula noma imibono kumele ibhekiswe kulowo Oyinhloko Yophiko LwezoMthetho noNobhala WeQembu Lenkampani.

Bonke abasebenzi okungumsebenzi wabo ukuphumelela kwale Nqubomgomo. I-Brambles yakha izindawo zokusebenza lapho kunokuxhumana okuvulelekile nokuthembeka phakathi kwabo bonke abasebenzi kuyigugu futhi kuhlonishwa. Uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nale nqubomgomo, noma uma ungathanda ukubika ngokwephulwa kwayo, sicela ukhulume nemenenja yakho, noma yiliphi ilungu leThimba Lezomthetho noma Lakwandababantu, noma-ke i-Speak Up hotline. Njengokusho kweNqubomgomo yakwa-Brambles i-Speak Up, akukho kuphindiselwa noma ukujeziswa okuzokwenzeka kumsebenzi ophakamise ukukhathazeka mayelana nale nqubomgomo. I-Brambles izibophezele ekuphenyeni, ukubhekana, kanye nokuphendula konke ukukhathazeka kwabasebenzi kanye nokuthatha izinyathelo ezifanele zokulungisa lokho okuphakanyiswe njengokuphulwa kwayo.